**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANSA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA IBHRIJI EMALANGENI EMZINTO MHLAKA 16 OCTOBER 2012**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaShozi;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Amalungu eSishayamthetho;
Imeya yesiFunda uGu;
IziMeya zonke, oSomlomo bemiKhandlu;
NamaKhansela wonke akhona;
Izinduna;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nani ningumphakathi walapha eMalangeni emcimbini walolu hlobo. Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yochungechunge lwemicimbi esiyenzayo kusukela kuqale le nyanga ka-October njengoba sazi ukuthi minyaka yonke le nyanga inikezelwa ezokuthutha.

Ngenkathi siwethula lo mkhankaso ekuqaleni kwenyanga sasho ukuthi sizogxila ezintweni ezimbili okuyingqalasizinda yomgwaqo neyezithuthi zomphakathi bese kuba ezokuphepha emgwaqeni.

Uma ngiqala nje ngifisa ukugcizelela ukuthi sisakhathazekile kakhulu ngokuthi ngemuva kokuthola inkululeko eyalwelwa kanzima kangaka kuleli lizwe, kodwa abantu bakithi abasakwazi ukudla izithelo zomzabalazo ngenxa yezinto ezintathu nje ezibhuqabhuqa isizwe nsuku zonke: okuyizingozi zomgwaqo, ubugebengu nengculaza.

Angiyiphathi-ke eyezepolitiki nezamatekisi ngoba besithi yinto esiphelile, kodwa cha nako loko akupheli futhi. Umuntu uze azibuze ukuthi kanti ngempela kwakhala nyonini esifundazweni sethu?

Abantu bafa ngendlela ethi ayifane nesikhathi sobandlululo lapho abamhlophe babesiqhatha sodwa, omnyama ebulala omnyama, sibone amabhokisi eklelile, ngenxa yokuthi abantu babanga ithambo elingenanyama.

Noma isikhona le nkululeko esayijulukela kanzima kanje ngaphansi kwezimo ezibucayi, sayifela, sayilimalela, sayiyela emajele, kodwa sisaqhubeka nokungcwaba abantu njengoba sasenza ngezikhathi zobandlululo.

Sisaqhubeka nokubona ujenga lwamabhokisi ngenxa yezingozi zomgwaqo. Namhlanje abantu sebebulawa izimoto – babulawa abashayeli ababudedengu, abangafuni noma abangaqeqeshekile ngokugcinwa kwemithetho yomgwaqo.

Thina-ke lapha KwaZulu-Natal sinenkinga yokuthi njalo uma kukhishwa izibalo zikazwelonke kuba yithina esihamba phambili. Njengoba sesibheke emaholidini kaKhisimusi nje sesiyabikelwa nje ukuthi engabe sizongcwaba abangaki-ke.

Kwenye inkathi uze uzibuze ukuthi kanti kungcono yini ukuthi imigwaqo ihlale ingalungisiwe ifakwe netiyela uma kanti ukuba kuhle komgwaqo kusho ukuthi sekuzokufa abantu kuyona ngenxa yabashayeli abashayela ngesivinini esikhulu, ikakhulukazi uma umgwaqo umuhle, izimoto zihamba kalula?

Kodwa-ke asikukhohlwa futhi ukuthi kuyo yonke imikhankaso esiyenzayo yezokuphepha emgwaqeni, kunabantu bakithi abaningi asebekhombisa ukubambisana nathi bagcine imithetho yomgwaqo.

Lokhu sikusho ngoba siyakuqaphela ukuthi nakuba sisesikhulu isibalo sabantu abafa emigwaqeni, kodwa kusuka sethule umkhankaso ka-Operation Val'ingozi ngonyaka odlule ngaso lesi khathi esibheke kuKhisimusi, ukhona umehluko esiwubonile.

Kusuka ngaleso sikhathi zike zathi ukwehla nezinhlekelele lapho okufa abantu abahlanu kuya phezulu ngesikhathi esisodwa.

Isikhathi esize sasithela ngehlazo kube yiyona inyanga ka-August kanye no-September lapho sibone izingozi ezintathu nje kuphela zidlula nemiphefumulo yezingane zesikole ezingu-28, endala kuzona ebineminyaka engu-13 nje kuphela.

Manje-ke kumele uma sisemcimbini walolu hlobo sininxuse nani ukuba nijoyine laba esibabongayo ukuze sivale izingozi sonke. Ake ucabange nje ubuhle bomlando ongaba nawo ezinganeni noma abazukulu bakho uma kuthiwa waba yingxenye yokuqedwa kwezingozi zomgwaqo, yingakho bona sebephila ezweni elingenazo izingozi.

Uma singena kulokhu kwengqalasizinda esize ngako futhi lapha, namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo endaweni.

Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo. Phela ngaphandle kokubambisana nani angeke ube yimpumelelo lo msebenzi.

Le ndaba yanamhlanje siyayazi-ke sonke ukuthi iqale ngo-2008 ngenkathi izindawo zasogwini zihlaselwa yizikhukhula ezadala umonakalo omkhulu kwingqalasizinda yomgwaqo.

Ngemuva kokubheka isimo kwatholakala ukuthi kudingeka u-R1,1 billion ukulungisa wonke lowo monakalo. Kodwa-ke kwaba yinkinga ukuthi izotholakalaphi yonke leyo mali, okwase kwenziwa nawukuthi ngaleso sikhathi kwakuvele kunesimo senzikamnotho esasihlasele umhlaba wonke.

Kodwa-ke sagcina siwutholile okungenani u-R617 million kumgcinimafa kazwelonke. Kuthe ngo-2010 saphinda safaka isicelo sika-R477 million kulaba besikhwama sezinhlekelele ngaphansi kuka-COGTA ukuze siqhubeke nokulungisa umonakalo osasele. Nakhona asiyitholanga yonke kodwa okungenani basinika u-R215 million.

Ngeshwa futhi, umsebenzi wokwakha ubuhlale uphazamiseka uma kuyizikhathi zemvula. Futhi ngaphezu kwalokho, ukwakha nokuvuselela ingqalasizinda kufaka nemininingwane eminingi yokuhlela kanti nezinkontileka ezisetshenziselwa ukwenza lokho aziziningi lapha kwelakithi.

Akugcinanga futhi lapho ngoba ngo-January wonyaka odlule u-2011 siphinde salinyalelwa yingqalasizinda ebalelwa ku-R311 million. Ngako futhi ukushoda kwemali, sikwazile siwumNyango ukufaka u-R94 million kwathi u-COGTA esifundazweni wafaka u-R29.74 million ukuze kulungiswe umonakalo.

Manje izibalo zikhomba ukuthi kusadingeka omunye u-R727 million ukulungisa umonakalo wezikhukhula osuwenzeke kusukela ngo-2008 esifundazweni.

Kusenenqwaba yemigwaqo emincane namazibuko okuwela lapha oGwini okwalinyazwa yizikhukhula okungashona ilanga uma ngiyibala ngamagama manje. Kodwa sesiyazi ukuthi sidinga imali engu-R186 million ukuze sibhekane nayo.

Sithi masikuveze konke lokhu ukuze abantu bakithi bangaluthwa ngosomathuba babatshele ukuthi asizigcini izibophezelo zethu. Lo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni awusoze wadlala ngemizwa yabantu.

Kodwa futhi esikubongayo lapha nesihlale sikubonga nakweminye imiphakathi esiyihambelayo, ngukuthi nikhombise ukusibekezelela njalo. Sibona nikhombisa ukuqonda nokukhula ningabonakali senigcwala izitaladi nicekela phansi nempahla ngoba nithi aniyiboni intuthuko iza ngesivinini.

Leli bhriji esilivulayo namhlanje iMalangeni River Bridge lingelinye lalawo amathathu umNyango othathe esikhwameni sawo ukuwalungisa. Lawo amanye amabili yiMalukaka neKelso esesawavula.

Imali esiyifake lapha ingu-R9.2 million. Kuyasijabulisa-ke futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi atholwe ngabantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Mangisonge ngokuthi-ke ngaphandle kwemisebenzi yokulungisa umonakalo wezikhukhula, siyaqhubeka nokuletha ingqalasizinda jikelele kule ngxenye yesifundazwe.

Phakathi kwimisebenzi emikhulu esithi ama-capital project esiwenzayo nangalo nyaka wezimali kukhona: u-P68 osuka eSt Faiths uya ePort Shepstone; u-P73 eSiphofu obheke eXobho; u-P58 eZingolweni; u-P69 eDondotha; u-P732 eZingolweni uya ePort Edward; no-P728 eMfume Mission.

Kodwa imali esibhekele imisebenzi yengqalasizinda kule District kule minyaka yezimali emibili u-2012/2013 no-2013/2014 ingaphezudlwana kuka-R1 billion. Kulindeleke ukuthi leyo misebenzi idale amathuba emisebenzi engaphezulu kuka-2 370 kubantu bendawo.

Osonkontileka bakaZibambele ngeke basale ngaphandle njengoba kuzovela amathuba angu-748 emisebenzi yokugcina le migwaqo isesimweni.

Ngalawo mazwi-ke sithi abantu bakithi mabaqhubeke babambisane noHulumeni ukuze kushintshwe izimpilo zibe ngcono.

Masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, silwe nobugebengu nako konke okunye okubulala isizwe sethu. Masinifisele ukujabula okuhle ngesikhathi samaholide kaKhisimusi sithi sengathi singaphepha kuze kube unyaka ozayo.

**Ngiyabonga**